

USARS UNQOBILE EVIKELA IMBONI YEZINDWANGU

Tshwane, 10 June 2022 - UPhiko Lwemalingeniso Eeqoqwayo LwaseNingizimu Afrika luyasemukela isinqumo sazwi linye seNkantolo eNkulu yokuDluliswa kwamacala ("i-SCA") esiqinisekise inqubo yaso nelungelo lokushaqa izimpahla ezingadalulwanga ngokuphelele lapho zeqa imingcele yaseNingizimu Afrika.

Ecaleni likaKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eeqoqwayo LwaseNingizimu Afrika nabanye bebhakene ne-Dragon Freight (Pty) Ltd nabanye elalingomhla ziyi-7 kuNhlangulana 2022, i-SCA imemezele ngokusetschenzisa komyalelo wakwaSARS ngokoMthetho Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni neNtelo. Kulolu daba kwafakwa isicelo sokubuyekeza isinqumo sikaSARS zokushaqa, ngokwesigaba 88(1)(c) soMthetho Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni neNtelo, 19 wezi-1964 ("uMthetho Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni") iziqukathi eziyi-19 ezangeniswa ezweni zivela eChina ezazidalulwe ngokungaphelele ukuze zihlawule izintelo zehhovisi elilwula impahla emngceleni ebizwa empahleni engeniswa ezweni. Lezi ziqukathi bezinempahla eyizindwangu nezingubo zokugqoka, okwasolwa yindlela yomshini yakwaSARS yokuhlola ubungozi, eyenzelwe ukulwisana nezenzo zokukhwabanisa nezingemthetho, zabe seziphenywa isisebenzi seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni.

Okushiwo abaphendulayo ku-SCA ukuthi isinqumo sikaSARS kwakumele sibekwe eceleni ngezizathu ezithi "kwabungekho ubulungiswa ezinqubweni ezalandelwa, asinasisekelo futhi asinangqondo". I-SCA ikuchithile lokhu kuphawula, yachitha isinqumo sangaphambilini seNkantolo Ephakeme esivuna umsebenzeli kanye nabahwebi yase yakhipha isinqumo sokuhlawula izindleko esivuna abakwaSARS. I-SCA inqume ukuthi uSARS wenze lokhu okungumyalelo wawo, uSARS wenze ubulungiswa kuzinqubo ezilandelwayo nokuthi uSARS wenze lokhu ngobufakazi abuqoqile.

Ukungeniswa kwezimpahla eziyizindwangu nezingubo zokugqoka ("i-CTFL") ezweni kulokhu kuyenyuka selokhu kwaqala intando yeningi ngenxa yokutholakala kwezimpahla ezikhiqizwa ngendlela eshibhile ngaphandle kwaseNingizimu Afrika. Kule minyaka yakamuva, kube nezinsolo ezasabalala ngezingubo zokugqoka nezindwangu ezingeniswa eNingizimu Afrika ngokungemthetho.

Leli cala liveza okubalulekile ukuthi uSARS wenza imisebenzi yawo ukuze kuzuze iNingizimu Afrika nabantu bayo kanti futhi liyisikhumbuzo sokuthi uSARS uyingxenyi esemqoka emnothweni. Isinqumo sifakazela ukuthi uSARS uzinikele ekuphoqeleti umyalelo wawo wokulawula ukungeniswa ezweni kwezimpahla ezithile ezizokweseka zikhuthaze lokhu okuphokophelwe inqubomgomu yomnotho omkhulu kaHulumeni.

USARS uzinikele ekusebenzeni ngezinga eliseqophelweni eliphezulu kanti lokhu kubandakanya ukungaphazamiseki ngenxa yamacala abukela phansi ubumqoka bemali nomnotho wezwe.

USARS uzibophezele kumyalelo wawo wokujeda ukugwenywa kwentela futhi uyasiqinisekisa isexwayiso sawo kubahwebi abangathobeli kanjalo nabasebenzeli abaqinisekisayo ukuba bayeke lo mkhuba wokudalula ngokungelona iqiniso nemizamo yokukhwabanisela umbuso lokhu okumele kuze emalini eqoqwayo.

Umthelela wezenzo ezingemthetho ekungenisweni kwempahla ezweni kubandakanya ukufaka i-invoyisi engaphansi kwalokhu okungeniswayo okubangela ukuthi ibe ncane imali engenayo ngenxa yokuthi akuzona zonke izintelo zehhovisi elilawula impahla emngceleni kanye nentela yentengo (i-VAT) okumele kukhokhwe kuhulumeni okukhokhwayo, kanye nokubhala ama-invoyisi angewona uma kwensiwa uhwebo.

UKhomisahana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uzwakalise ukweneliseka kwakhe ngalesi sinqumo esibalulekile. Uthe, “Kunemizamo yokubambisana eyenziwa ilabo abenza izinto ngokungemthetho ukuvimba ukuthi uhulumeni aseke izimboni zakuleli ngalokho baqeda amandla asizayo ezweni okuhambisana nokulahlekelwa umsebenzi, ikakhulukazi embonini yakuleli ekhiqizayo. Lokhu kunqinda amandla ezwe okwazi okukhulisa nokwakha imisebenzi, okuholela ekuncintisaneni obungenabulungiswa ohwebeni olusemthethweni”.

Esephetha, uthe, “USARS uyaqhubeka nokuphucula amandla nomthamo wokuhlonza lo mkhuba wokungathobeli, futhi uzokwenza konke okusemandleni awo ukwenza kumbe eqolo kulabo bakhokhintela abangathobeli, ube uxhumanisa uhwebo olusemthethweni”.

Ekugcineni, uKhomishana ubonge uMnyango Wohwebo, Izimboni Nokuncintisana, imboni yezindwangu nezingubo zokugqoka kanye neziNyunyana zemboni ngegalelo labo elibalulekile kule mpumelelo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za